Ibhukwana Lezinyathelo Zokufundisa Ukufunda Ngamaqembu Okulawulwa Uthisha

Shuter & Shooter
PIETERMARITZBURG • JOHANNESBURG • EAST LONDON • CAPE TOWN

Ababhali nabashicileli bayabonga ukunikwa imvume ngabanikazi bemisebenzi ukuba kusetshenziswe imisebenzi yabo kule ncwadi. Kwenziwa konke okusemandleni ukuthola bonke abanikazi bemisebenzi futhi abashicileli bangajabula ukuthola imininingwane engabasiza ukuze kulungiswe okusele nokungamaphutha uma incwadi isigaywa ngokulandelayo.



KUYICALA UKUFOTHOKHOPHA NOMA YILIPHI IKHASI KULE NCWADI NGAPHANDLE KWEMVUME EBHALWE PHANSI EVELA KUBASHICILELI

Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
Shuters House, 110 CB Downes Road, Pietermaritzburg 3201, KwaZulu-Natal, South Africa
PO Box 61, Mkondeni 3212, KwaZulu-Natal, South Africa

Copyright © Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd 2022

First edition 2022

OS1000823

THIS IS AN ISIZULU READING SERIES: IZINYATHELO ZOKUFUNDA

Onke amalungelo agodliwe.
Akukho ngxenye yaleli bhuku engashicilelwa kabusha, igcinwe noma yenziwe esinye isimo, kungaba ngokufothokhopha, ukuqopha noma ngayiphi enye indlela ngaphandle kwemvume ebhalwe phansi yabashicileli. Lowo oyokwenza noma yini engagunyaziwe mayelana naleli bhuku uyobekwa icala noma ahlawuliswe kanzima.

Printed by Paarl Media *paarlmedia*, a division of Novus Holdings
xxxx

Uhlu lokuqukethwe

Isingeniso v

UNono usesibhedlela 1

Siyabathanda 9

Siyathuthuka 17

Inyoni yamasi 25

UBuhlaluse benkosi 34

Iziphicaphicwano zikaNono 42

Isingeniso

Le incwajana eqondene ngqo nokusiza othisha ukuba bakwazi ukusebenzisa lolu chungechunge lwezincwadi **zesifundo sokufunda ngamaqembu** ezihlelwe ngokwamazinga okufunda. Kunezincwadi eziwuchungechunge **olubomvu** ezisezingeni lesibili ezalaba bafundi **abasebangeni loku-1**. Sizosiza othisha ngezifundo abazozilandela usuku nosuku ukusiza abafundi **abasezingeni lesi-4.** Enye yezimbangela eyenza kungaphumeleli ukufundisa ngamaqembu, ukungabi nesikhathi sokuhlela izifundo zesikhathi sokufunda ngamaqembu.

Nazi izinyathelo uthisha azozilandela uma enalezi zincwadi ezisezingeni **lesi-4.**

Isinyathelo sokuqala:

- Qiniseka ukuthi amaqembu uwathole ngokusebenzisa u-EGRA noma i-rubrikhi ukuwahlunga.
- Qikelela ukunikeza yilowo nalowo mfundi ithuba lokuphendula noma lokufunda.
- Akekho umfundi okumele kuphele isikhathi engatholanga ithuba.

Isihloko sencwadi ‘UNono usesibhedlela’ Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:

UNono usesibhedlela

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
baphaphama	uNono
babikela	uBathathe
ukululama	uKuku
elangazelela	usesibhedlela
emazweni	
izihambi	
beqaphile	
wazumeka	
wayenokuthula	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Konje ubani igama lekati? Ingabe ubani lo obuka uNono? Usho ngani? Ingabe yini eyenza ukuthi uNono aye kwadokotela uma ukhumbula incwadi esiyifundile ethi uNono ufika ekhaya? Chaza. Qagela indaba izokhuluma ngani?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'UNono usesibhedlela'.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza,** "Le incwadi yokuqala kuleli zinga lesi-4, zikhona ezinye ezi-5 esizozifunda uma siqeda le."

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter KwaZulu-Natal, incwadi yabhalwa ngo 2017 babonise nenombolo yencwadi IBSN.

Vula ikhasi -1

- **Buza**, "Yini le, futhi iyaphi? Hayi bo! Obani laba abaphakathi? Ingabe bazithathephi lezi zilwane futhi bazisaphi?"
- **Babonise** igama, **'bephaphama'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje, ingabe bakhuluma ngani? Ucabanga ukuthi usebuyile yini uNono?"
- **Babonise** igama, '**babikela'** chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Yini le sengathi yikhadi, ingabe elani uma ucabanga? Ucabanga ukuthi bajabulile yini uma ubabheka?"
- **Babonise** igama '**ukululama**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza**, "Hayi bo! kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi yini indaba izilwane zilele esibhedlela? Bheka uKuku noBathathe nezingane bayaphi futhi baphethe ini? Wena wake wamvakashela umuntu esibhedlela? Chaza wazizwa unjani?"
- Babonise igama **'elangazelela'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

UNono/ usesibhedlela/ > 2 amagama

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

UNono > U/N/o/n/o/ -5 imisindo
usesibhedlela> u/s/e/s/i/bh/e/dl/e/l/a/ -11 imisindo

Banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Cozulula amagama ngokwemisindo	
usesibhedlela	u/s/e/s/i/bh/e/dl/e/l/a/
baphaphama	
babikela	
ukululama	
elangazelela	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UNono usesibhedlela'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- **Buza**, "Konje ubelaleleni uNono nezilwane esibhedlela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi uthini uKuku noBathathe nezingane kuNono? Ingabe bayajabula yini ukubona uNono? Izingane zikaNono zona zizwa zinjani uma ucabanga?"
- **Babonise amagama 'wabalandisa, achiphize, izihambi, emazweni' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uthini uNono kubangani nezingane zakhe? Ucabanga ukuthi abantwana babo bona bakhuluma ngani?"
- **Babonise** igama '**beqaphile**', Chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga ukuthi wazizwa kanjani uNono ukubona uBathathe noKuku kanye nezingane zakhe?"
- Babonise amagama '**wazumeka, wayenokuthula**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Sebeyaphi manje oKuku? Ingabe babuye naye yini uNono? Chaza."
- **Babonise** igama '**babenomsindo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ukululama	Ukuphila uma ukade ugula
ukuphaphama	Ukuvuka uma ukade ulele
babikela	Ukutshela abantu ngento ethile
wabalandisa	Ukuxoxela umuntu yonke into eyenzekile
achiphize	Ukukhala uthulile kodwa kuphuma izinyembezi
emazweni	Indawo ekude ongayazi
izihambi	Abantu abangaziwa
beqaphile	Bebhekile okwenzakalayo
wazumeka	Ukufikelwa ubuthongo
wayenokuthula	Ukuzizwa ungenankinga
babenomsindo	Ukukhulumela phezulu

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UNono usesibhedlela'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje yini indaba bebebuya kuphi oKuku noBathathe nezingane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi uzothini udokotela kuNono? Ingabe uzomkhipha ethi useluleme noma usazoba sesibhedlela isikhathi eside?"
- **Babonise** amagama **'ngecala, eliphazamisekile'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi uzothini udokotela kuNono? Ingabe bamenzani njengoba sengathi bayamdonsa?"
- **Babonise** amagama **'sizokuhlelela, elicindezelwayo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Benzani manje abangani nezingane? Ucabanga ukuthi bazobuya naye yini uNono namuhla? Ingabe utheni uDokotela ngokugula kukaNono?"
- **Babonise** igama **'bazokudedela,'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi kwenzakalani ekugcineni."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngecala	Kusho uhlangothi noma icala
eliphazamisekile	Elingasafani nasekuqaleni
sizokuhlelela	sizokulungiselela
elicindezelwayo	Ukubeka into ngamandla amakhulu
bazokudedela	bazokukhulula

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa** incwadi namuhla.
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UNono esibhedlela'.**
- Bafundele isihloko sencwadi.

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Ingabe kwakwenziwa yini ukuthi balale bangakhulumi? Ingabe wawusuphelile umjovo egazini labo? Manje bayaphi? Yini le abayigibele?"
- **Bakhumbuze** igama, **'bephaphama'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -2.**
- **Buza, "**Konje bamthola kuphi futhi bamthola kanjani?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 3.**
- **Buza**, "Kungani zithi ziyobona ngoba sekwenzeka?"
- **Babonise uphawu '.' Ungqi,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Yini indaba befisela uNono ukwelulama? Yini le abayenzile? Ubani owake walibona ikhadi lokufisela ukwelulama?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Wabasiza ngani uGwababa?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe wayezoya nini uNono ekhaya?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ubani osakhumbula ukuthi konje bamthatha kanjani uNono ngelanga lomdanso wezilwane?"
- **Bakhumbuze** igama **'elangazelela'**
- **Abaqagele sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**
- Buza, "Kusho ukuthini ukulandisa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ukhalelani manje uNono? Kusho ukuthini ukuchiphiza?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza, "**Yini izihambi futhi ziyingozi ngani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Usakhumbula konje ukuthi babehamba bemfuna kuphi uNono? Yisho."
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Obani abafuyi? Yini indaba bethengisa amachwane, imidlwane nemithinyane?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Ingabe sebeyahamba njalo? Udla ini wena ekuseni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe bazizwe benjani ukubona uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini le eningi abazoyenza ngolwazi lukaNono uma ucabanga?
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -13**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuzumeka?"
- **Bakhumbuze** igama **'ukuzumeka'** chaza kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuba nokuthula? Wake wahlukana nomama wakho isikhathi eside? Kuba njani uma usumbona?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi bazokwenzani emuva kwesidlo sasekuseni."

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukuqala ukufunda amagama abehlulayo.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UNono usesibhedlela'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Konje bekusho ukuthini ukuthi **'wazumeka'**?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Bafundele ekhasini -14**
- **Buza,** "Ingabe bajabulile yini?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Babexoxa ngani? Yini indaba babexoxela phezulu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -16**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi libuhlungiswa yini iqolo? Ingabe wadansa kakhulu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukulala kanjani ukulala ngecele?"
- **Bakhumbuze** igama **'ngecele'** chaza kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi eliphazamisekile?"
- **Bakhumbuze** igama **'eliphazamisekile'**

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -18**
- **Buza,** "Ingabe usezohamba ngani uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wake wasibona yini isitulo sokuhamba?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Esinjani isitulo esinechashaza, elani lelichashaza?"
- **Babonise** igama **'elicindezelwayo'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukudedela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -21**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi uzizwa enjani uNono uma esezohamba ngesitulo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe baphatheka kanjani abangani nezingane zakhe ukuzwa indaba yesitulo sokuhamba?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Ingabe usasele esibhedlela yini uNono? Ucabanga ukuthi uzophuma nini kanti? Yini le esesandleni nasemsileni?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba ngesikhathi esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo **'ch'.**

Mabashaye izandla kumalunga amagama.

ichashazi > i/ch/a/sh/a/z/i/
achiphize > a/ch/i/ph/i/z/e/

Banikeze umsebenzi uma sebeyohlala phansi.

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
ichashazi	i/ch/a/sh/a/z/i/
achiphize	
ukuchaza	
chela	
choma	
chiliza	
choba	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko lapho uKuku efuna iqanda lakhe.

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe nodokotela kanye nonesi
- **Buza, "U**bani ozoba imithinyane, imidlwane namachwane?
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula lemibuzo elandelayo. Kokolozela impendulo efanele

Imibuzo	izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	UKuku/ uBathathe/ UNono/ uGwababa/ udokotela
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Ziyingozi izihambi zenza ngawe imali/ Izilwane kufanele zinakekelwe
Yini eyayiphazamisekile kuNono?	Umsila/ iqolo/ ingalo
Uma ucabanga akuphi lamadoda alimaze uNono	Asejele/ asepulazini/ asesibhedlela
Sithini isiphetho sendaba?	UNono wabuyela ekhaya/ UNono wayesezohamba ngesihlalo

Isihloko sencwadi ‘Siyabathanda’ Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Siyabathanda

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ekhuthaza	uKuku
bangidedela	uBathathe
kuphithizela	uNono
wamangala	umndeni
isiphithiphithi	izingane
babaxhume	siyabathanda
izivakashi	
ahluphekayo	
isibonelelo	
sikahulumeni	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Obani laba? Niyabakhumbula abangani ezincwadini esesizifundile? Ingabe beyithini incwadi esiyifundile?"
- **Buza,** "Ingabe yini indaba uNono ehamba ngesihlalo? Ucabanga ukuthi izokhuluma ngani lencwadi?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Siyabathanda'**
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesibili esezingeni lesi-4. Zikhona ezinye ezi-4 esizozifunda uma siqeda le**."**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi i-ISBN.

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe ukuphi uNono manje? Baphi abangani bakhe? UNono uhlaleleni esitulweni? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'ekhuthaza'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Hayi bo! Kwenzakalani manje? Ubonani? Sebekuphi manje uNono nabangani bakhe kanye nezingane zabo?"
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Wenzani manje uNono phezu ukwesitulo? Yini emile, ingabe usepholile?"
- **Babonise** igama '**bangidedele'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bathini odokotela kuNono? Ingabe bayaphi manje noNono?"
- Babonise amagama **'kuphithizela, wamangala' chaza** kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukuzwa amagama asesihlokweni bese beshaya izandla emisindweni esemagameni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

siyabathanda/ > s/i/y/a/b/a/th/a/nd/a/ -8 imisindo
uNono > u/N/o/n/o/ >4 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
wamangala	
kuphithizela	
bangidedele	
wazimisela	
ukhuthaza	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Imidlalo yethu**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje yini eyamangaza uNono uma efika ekhaya? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- Bakhumbuze igama **isiphithiphithi.**

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bayacula noma bayamemeza?"
- Babonise amagama **'babaxhume, izivakashi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ucabanga ukuthi baxoxa ngani abangani abathathu?"
- Babonise amagama '**isibonelelo, sikahulumeni',** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- Buza, "Kwenzakalani manje la? Ucabanga kukuphi futhi bazokwenzani la? Uma ubheka isithombe awakwabani lamahhovisi?"
- Babonise igama '**abahluphekayo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- Buza, "Ingabe uphetheni uKuku futhi uzoyenzani? Bathini njengoba bekhuluma nalendoda? Usho ngani?"
- Babonise igama '**abanokukhubazeka, bayanakekeleka, mnumzane'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kuphithizela	Abantu behla benyuka
uhulumeni	Abaphathi bezwe
isibonelelo	Into yokubonisa ngayo
abahluphekayo	Abantu abaswele
banokukhubazeka	baxhwalile
mnumzane	Indoda eganiwe
bayanakekeleka	Baphathana kahle

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siyabathanda'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje abantu abanjani abanokukhubazeka? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza**, "Sebekuphi manje abangani? Ingabe bazokwenzani manje la? Bheka ekhasini 17, benzani ngezandla manje? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** amagama **'babenohla, samakhono, bathokozela'** chaza kusho ukuthini.

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Yini le? Ingabe ubani okwenzile? Usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**wathuthuka, umphakathi,'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Hayi bo! Benzani manje abangani nabantu abaningi kangaka? Ucabanga ukuthi babanika ini?"
- **Babonise** amagama **'baklomeliswa, yokuthuthukisa, umuphakathi, isikhinyabezo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
babenohla	Into ozibhalile ozidingayo
abanokukhubazeka	Abanenkinga ethile empilweni
samakhono	Ukukwazi ukwenza into
wathuthuka	Waqhubekela phambili
baklomeliswa	Ukuphiwa into ngoba wenze into enhle
umuphakathi	Abantu abahlala endaweni
isikhinyabezo	Into ephazamisayo

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siyabathanda.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Ingabe umsiza ngani udokotela uNono?"
- **Bakhumbuze** igama, **'ekhuthaza'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza, "**Yini le azimisele ukuyifunda uNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe into emnandi ukuphumelela?"
- **Babonise** uphawu **',' ukhefane,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -4.**
- **Buza, "**Kukuphi emqolo? Konje belikade linani iqolo"
- **Bakhumbuze** igama **'bangidedela'.**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Kuyini le? Ingabe iculo noma umlolozelo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Kusuke kwenzenjani uma sithi uhambe kahle?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza, "**Wafika ekhaya kunobani? Ingabe usepholile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuphithizela? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -8**
- **Buza**, "Yini eyayijabulise abantu becula kangaka?"
- **Bakhumbuze** igama **'babaxhume'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Kusho ukuthi bebezokwenzani la kwaKuku? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Yini indaba uNono kufanele ayocela isibonelelo?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Yini isibonelelo? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza, "**Wena ungaphatheka kanjani ukuthola imali?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ingabe bazoyenzani imali"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi abahluphekayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –
- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –
- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siyabathanda'.**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo? Konje babezoyenzani imali?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Baqala bahambela bani?"
- **Bakhumbuze** igama **'abanokukhubazeka'.**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Ingabe ubani lo mnumzane?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wayehlezi nobani? Ingabe wayehlaleleni?"
- Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Konje yini uhlu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yimaphi lamahhovisi abahambisa khona uhlu?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza**, "Yini isikole samakhono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kungani babekuthathela phezulu ukuqala kwesikole samakhono?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Eyobani lemisebenzi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini ababeyithenga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Kusho ukuthini ukuthuthuka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babebabongelani oKuku, Bathathe noNono?"
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20.**
- **Buza,** "Babeklomeliswelani oKuku, Bathathe noNono?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -21.**
- **Buza**, "Wake waklomeliswa wena? Wawenzeni futhi wazizwa unjani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi isikhinyabezo? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Yini eyayibajabulisile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuzumeka? Iphele kanjani indaba? Isihloko sihambisana kanjani nendaba? Obani laba abathandwayo?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba ngesikhathi esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'th'.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

weBathathe >w/e/B/a/th/a/th/e/
thatha >th/a/th/a/

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
siyabathanda	s/i/y/a/b/a/th/a/nd/a/
ukuthi	
bakuthathela	
ekhuthaza	
kuphithizela	
bethokozela	
ukuthola	
uBathathe	

Esifundweni -7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe nodokotela
- **Buza, "U**bani ozoba imithinyane, imidlwane namachwane kanye nabantu ababeculela ukubuya kukaNono?"
- **Buza,** "Ubani ozoklomelisa oNono nabantu abanokukhubazeka?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye basiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo. Kokelezela impendulo efanele

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	UKuku/ uNono/ uBathathe/ udokotela
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Kuhle ukusiza abantu/ Kufanele sisebenzise amakhono ethu.
Wagcina ephume nini uNono?	Waphuma esesenesitulo/ waphuma esengcono iqolo.
Bayenzani imali abayithola kuhulumeni?	Bathenga indlu/ Baqala isikole samakhono
Sithini isiphetho sendaba?	Bathola ukukomeliswa/ Bathengisa izinto baba nemali eningi.
Sithini isihloko sendaba?	uNono usesibhedlela/ Isitulo sikaNono/ Siyabathanda.

Isihloko sencwadi ‘Siyathuthuka’ Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Siyathuthuka

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Siyathuthuka	siyathuthuka
ngokudlulele	uNono
ubugebengu	izifundo
sokuzulazula	amakhono
kwamukhuthaza	umunikazi / umnikazi
uhlenga	wesitolo
alikapholi	uKuku
sekunokuxabana	uBathathe
zaziphothula	
izimo ezilukhuni	
babebhidilisha	
amakhasimende	
waphikelela	
isibonakaliso sokuthula	
ngizogoduka	

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la, usho ngani?" Kukuphi la? Uke wayibona indawo efana nale? Ingabe izokhuluma ngani lencwadi uma ucabanga?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Siyathuthuka'**
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-3 esezingeni lesi-4. Zikhona ezinye ezi-3 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Ingabe baxoxa ngani abangani uma ucabanga? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** igama, **'ngomufundaze'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje? Sebekuphi oKuku? Ingabe ubani lo abakhuluma naye?"
- **Babonise** amagama, '**uthisha omkhulu, uhla, amazwe, sezikhokhelwa, zafinyelela**' chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Bayaphi manje? Usho ngani?"
- **Babonise** igama '**zaziphothula izifundo, amakhono'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi bakuphi manje oKuku? Ingabe uthini lomuntu?"
- Babonise amagama **'umunikazi/ umnikazi wesitolo, sekunokuxabana'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo."**

Basize bakwazi ukuzwa imisindo esegameni elisesihlokweni bese beshaya izandla emisindweni ngaphambi kokuthi bayohlala phansi.

Basize futhi bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

siyathuthuka > s/i/y/a/th/u/th/u/k/a/ -10 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
siyathuthuka	s/i/y/a/th/u/th/u/k/a/
zaziphothula	
izifundo	
amakhono	
Umunikazi/ umnikazi	
wesitolo	
sekunokuxabana	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siyathuthuka'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuz**e la nigcine khona
- **Buza,** "Konje sithe kusho ukuthini ukuthi sekunokuxabana? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Hayi bo! Ucabanga ukuthi sebekuphi manje? Ingabe bathini kulezi zingane?"
- Babonise amagama **'izimo ezilukhuni, babebhidilisha'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe sebekuphi manje oKuku? Ingabe bathini kulaba bantu futhi obani laba bantu?
- Babonise amagama '**bathelelane ulwazi, abanamasaluni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la? Ubani lomama, ingabe uthini yena?"
- **Babonise** igama '**amakhasimende, waphikelela, isibonakaliso sokuthula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani emva kokudla?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani la? Usho ngani?"
- **Babonise** igama '**ngizogoduka, amabhizinisi'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
izimo ezilukhuni	Into enzima empilweni
babebhidilisha	Bezama ukukhuluma
amakhasimende	Abantu abazothenga
waphikelela	Ukuqhubeka noma kunzima
isibonakaliso sokuthula	Ukwenza into ebonakalayo ukubonisa uxolo
ngizogoduka	ngizohamba
amabhizinisi	Imisebenzi eyahlukene engenisa imali

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Siyathuthuka'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Bakhumbuze** la nigcine khona.
- **Buza,** "Konje sithe kwenzakalani la? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Hayi bo! Kukuphi manje la? Kwenzakalani manje? Ingabe bayavakasha noma bayothengisa izinto zabo phesheya?
- **Babonise** igama '**emazweni aphesheya'** chaza kukuphi.
- **Buza,** "Bayaphi manje ngesitimela? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'izitimela ezisheshayo'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Ezobani manje lezi zindlu? Ingabe ziyathengisa yini noma bazithengile uma ucabanga? Usho ngani?"
- **Babonise** amagama '**ngokudlulele, ubugebengu, sokuzulazula'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Hawu! Balaleleni manje abangani nezingane zabo? Ingabe kusebusuku noma baphumule nje?"
- Babonise amagama **'kwamukhuthaza, uhlenga, alikapholi' chaza** kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngokudlulele	kakhulu
ubugebengu	Ububi bezinto ezingalungile
sokuzulazula	Ukuhamba hamba
kwamukhuthaza	Kwamsiza ukuthi aqhubeke ukwenza into
uhlenga	Usiza
alikapholi	alikalungi

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siyathuthuka'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- **Bafundele** ekhasini loku-1
- **Buza, "**Yini umfundaze? Uzothuthukisa kanjani umphakathi?"
- **Bakhumbuze** igama, **'ngomfundaze'**.
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Ingabe kwakuyini isifiso sabo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Konje yini uhla?
- **Babonise** igama **'uhla'.**
- **Babonise** uphawu **',' ukhefane,** chaza ukuthi lusebenza kanjani.
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -3.**
- **Buza, "**Kukuphi kwamanye amazwe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babeyithathaphi imali yokukhokhela lezi zingane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukufinyelela? Qagela sebezoya kuphi?"
- **Bakhumbuze** igama **'zafinyelela'**

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuphothula izifundo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Obani abaqale amasaluni namabhange?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -5.**
- **Buza, "**Abanjani abanamakhono?"
- **Babonise** igama **'abanamakhono'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Obani abanye bakwamanye amazwe? Ingabe kuyenzeka la ezweni lakithi? Qagela sebezoya kuphi oKuku?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe owakwelinye izwe yini umnikazi wesitolo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini 7.**
- **Buza**, "Wena ungabajabulisa bonke abantu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Qagela ukuthi bazokwenzenjani oKuku ngalokhu kuxabana?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**
- **Buza,** "Ingabe yiziphi izimo ezilukhuni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Uke wabhekana wena nokungalwazi ulimi olukhulunywa esikoleni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -9**
- **Buza**, "Ukwenzani ukubhidilisha? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'babebhidilisha'.**

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -10**
- **Buza**, "Babewuqoqelani umphakathi oKuku? Ukwenzani ukuthelelana ngolwazi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yini edingekayo uma uzoqala isaluni? Qagela sekuzokwenzeka ini manje?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** "Yini amakhasimende?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -13**
- **Buza**, "Ingabe yini isibonakaliso sokuthula?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**

- **Buza, "Wena ulubonisa kanjani uxolo?"**
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi bazogcinaphi abangani nokuthuthukisa umphakathi."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –
- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –
- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi
- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –
- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –
- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Siyathuthuka'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -14**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukugoduka namakhulu amathathu? Ingabe ivelephi lemali?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -15.**
- **Buza**, "Yini abayenza emuva kokubeka imali?"
- **Bakhumbuze** uphawu ',' ukhefane ukuthi usebenza kanjani.

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Kukuphi phesheya? Wake waya phesheya?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -17.**
- **Buza**, **"**Esinjani isitimela esisheshayo? Wake wayibona i-Gautrain?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Awokwenzani amabhange?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babeyithathaphi imali yokuthenga imizi emihle?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Enjani imizi emihle ngokwadlulele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ubani othanda umuzi omuhle njengalena?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Budalwa yini ubugebengu ezindaweni esihlala kuzo?"
- **Bakhumbuze** igama **'ubugebengu'** chaza kusho ukuthini.
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Abantu abanjani abavele bame nje?"
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20 umusho owodwa.**
- **Buza,** "Ingabe kwakumkhuthaza kanjani?"
- **Bakhumbuze** igama **'kwakumkhuthaza'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukuhlenga?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Qagela bazolithola linjani ithambo?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi ukusa kwaziwa nguye?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Yini ayezoyidinga kwadokotela?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Babonise igama '**ayezokudinga**'
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'xh'. Ungasebenzisa noma umuphi umsindo abanenkinga ngawo ngesikhathi sesifundo semisindo

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

baxhawulana > b/a/xh/a/w/u/l/a/n/a/

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
xhuma	xh/u/m/a/
baxhawulana	
xhakaza	
xhawula	
ixhegu	
xhoza	
ixhala	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe, uthisha, abantu bamabhizinisi.
- **Buza, "U**bani ozoba umnikazi wesitolo?
- **Buza, "**Umama wesaluni, indiza noma isitimela?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazoba abathengi/ amakhasimende."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.

Umsebenzi

Phendula imibuzo elandelayo. Kokelezela impendulo efanele

Imibuzo	Izimpendulo
Ubani umlingiswa osemqoka?	UKuku/ uNono/ uBathathe/ uthisha
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Kuhle ukuthuthukisa umphakathi/ Kuhle ukuzithengela okuthandayo.
Ingabe kwamkhuthaza ngani ukuhamba ngesitulo?	Wacabangela abanye abadinga usizo/ wathola imali eningi/
UNono ungumuntu onjani?	Umuntu othanda umphakathi/ Umuntu ozithandayo.
Sithini isiphetho sendaba?	UNono waya ukuyobheka ukuthi alikapholi ithambo na/ UNono wahamba ngaphandle kwesitulo.
Sithini isihloko sendaba?	Siyathuthuka/ Siyabathanda.

Isihloko sencwadi ‘Inyoni yamasi Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

Inyoni yamasi

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
kwesukasukela	inyoni
emandulo	uNono
iyabelesela	uBathathe
yadinwa	uKuku
isihibe	igwababa
ngizokosa	
iyisonga	
yagelekeqeka	
kwesukasukela	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la? Obani laba? Yini le esesihlahleni?"
- **Yethula** isihloko sencwadi: **'Inyoni yamasi'.**
- **Babonise** isihloko sencwadi**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-4 esezingeni lesi-4. Zikhona ezinye ezi-2 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi-1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Usabakhumbula abangani abathathu? Obani amagama abo? Konje sithini isihloko sencwadi?"
- **Babonise** amagama, **'wayeseluleme, izinganekwane'** chaza **ukuthi** kuyini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Benzani lomama nalobaba? Ingabe kukuphi la?"
- **Babonise** amagama, '**kwesukasukela, emandulo, cosi'** chaza.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "Ake nibabheke yenzani indoda** manje? Ingabe izolishaya yini igwababa? Yenzani manje indoda ekhasini lesihlanu?"
- **Babonise** amagama '**yadinwa, iyabelesela, isihibe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi ithini inyoni kulendoda? Ingabe izoyenzani indoda inyoni?"
- Babonise amagama **'iyisonga, ngizokosa'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, "Ingabe iphetheni manje inyoni? Awubheke indoda, ingabe yethukile noma ijabulile? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise** igama **'yagelekeqeka'** chaza kusho ukuthini**.**
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

inyoni> i/ny/o/n/i/ -5 imisindo
yamasi> y/a/m/a/s/i/ -6 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
kwesukasukela	Kw/e/s/u/k/a/s/u/k/e/l/a/
emandulo	
iyabelesela	
yadinwa	
igwababa	
isihibe	
ngizokosa	
iyisonga	
yagelekeqeka	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Inyoni yamasi'**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcina khona.
- **Buza**, "Kwenzakalani la? Inyoni iyinikeza ini indoda? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi bayaphi manje lomama nobaba? Ingabe sebeyayifuya yini lenyoni manje?"
- Babonise amagama **'baphuthuma, yabikela, waziyala'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe izingane lezi noma abazali? Ingabe zicelani kulenyoni?"
- Babonise amagama '**anela, basutha'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe kwenzakalani manje la? Obani bonke laba? Ingabe baphi abazali?"
- **Babonise** igama '**zala zaphetha, uziyalile'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi bazobabonisa yini inyoni yamasi?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Kukuphi manje la? Hayi bo! Obani laba manje futhi bafunani?"
- **Babonise** amagama '**babhodloza, mhlawumbe'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
kwesukasukela	Isisho sokuqala uma uzoxoxa inganekwane
emandulo	Isikhathi sakudala
iyabelesela	Ukusho into ungabe usathula
yadinwa	ukucasuka
igwababa	inyoni
isihibe	Into yokucupha
ngizokosa	Ukupheka inyama ngomlilo
iyisonga	iyigoqa
yagelekeqeka	Ukuthuka kakhulu

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Inyoni yamasi'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcine khona.
- Buza, "bebeyaphi bonke laba bantu? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Ubonani? Kwenzakalani manje? Ingabe ingane ikhalelani? Ucabanga ukuthi iyenzani ingane inyoni manje?"
- **Babonise** igama '**ninodlame, bedangele'** chaza kuyini.
- **Buza,** "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Yenzani manje inyoni? Ingabe izondiza noma izobuye ihlale? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Babonise a**magama **'abangawatholanga, amasi'** chaza**.**

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi zizothini izingane kubazali? Ngabe isekhona yini inyoni yamasi? Ingabe ihambile?"
- Babonise amagama **'uzozixosha, yabalisa'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ninodlame	Bathanda ukulwa
bedangele	bemangele
zibalandisa	Ukutshela umuntu into eyenzekile
uzozixosha	Ukuthi kumuntu akahambe emzini wakho
yabalisa	Ukukhuluma ungazi ukuthi wenze njani

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Inyoni yamasi'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emibili.
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukululama? Wayekade uphethwe yini uNono? Wayebaxoxela nini izinganekwane?"
- **Bakhumbuze** igama **'wayeseluleme'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Yini inganekwane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Ingabe kusho ukuthini ukuthi kwasukesukela? Kusuke kwenzenjani uma umuntu esho kanjalo?"
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi kuzokwenzakalani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Babehlala emphakathini onjani lomnumuzane nenkosikazi yakhe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Bavuka bayaphi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -3**
- **Buza,** "Lalinjani ilanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Yini igwababa? Nisalikhumbula igwababa elasiza oKuku noBathathe? Ingabe yilo leli?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe likhalelani igwababa? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Yini edina indoda? Kusho ukuthini ukudinwa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Yini indaba lingabaleki igwababa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Ukwenzani ukubelesela?"
- **Bakhumbuze amagama 'yadinwa, iyabelesela'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini 5.**
- **Buza,** "Kuyini isihibe? Qagela izosenzani isihibe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuhhuka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Ingabe ikhalelani manje inyoni? Ucabanga ukuthi uyibambile yini? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ukwenzani ukosa?"
- **Bakhumbuze amagama 'ngizokosa, iyisonga'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe izowenza kanjani inyoni amasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini 7.**
- **Buza,** "Hayi bo! Iwathathephi inyoni amasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ithuswa yini indoda? Ukwenzani ukuthuka ugelekeqeke? Manje ibiza bani indoda? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**
- **Buza,** "Yini indaba bephuthuma ekhaya?"
- **Bakhumbuze amagama 'baphuthuma, amageja'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Iyiphi inyoni yamasi?"

- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, " Kusho ukuthini ukubikela**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -9**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukungathi vu ngisho koyedwa umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi yayiwathathaphi amasi le nyoni? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -10**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi izingane zizowafuna yini amasi kulenyoni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Ucabanga ukuthi inyoni izozinika yini izingane amasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Ingabe inyoni izoba nawo amasi uma sekufika abazali?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -11**
- **Buza**, "Ingabe iwathathaphi amasi amaningi kangaka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukususutha? Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -12**
- **Buza,** "Qagela ukuthi izingane angeke yini zixoxele abangani ngenyoni yamasi?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 elandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe bazoyixoxa yini eyenyoni yamasi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazothini abangani uma bezwa ngenyoni yamasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi izingane zizobapha yini abangani amasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi zala zaphetha? Ingabe benza into efanele ngokubatshela ngenyoni yamasi, usho ngani?"
- **Bakhumbuze** ukuthi **kusho ukuthini 'zingayithi vu'**
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sizwe ukuthi iyoqhubeka kanjani indaba yenyoni yamasi."
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Inyoni yamasi'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Bazosho yini abangani emakhaya ngendaba yenyoni yamasi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -14**
- **Buza,** "Qagela kuzosala kwenzekeni namuhla?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe baxoxelwe ubani indaba yenyoni yamasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Zikhalelani manje izingane?"
- **Akufunde omunye umfundi imisho emi-2 ekhasini -15.**
- **Buza**, "Ingabe zizobakhombisa inyoni yamasi na?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini isicabha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Ucabanga ukuthi azophela yini amasi enyoni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Babedelela bethini abantu? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'babhodloza, babedelela'**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -16**
- **Buza**, "Ingabe ikhathazwe yini, uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Qagela ukuthi ingane izoyibeka yini inyoni esihlahleni? Wena wawungayibeka yini inyoni uma wawuyile ngane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Ucabanga ukuthi imemeza ukuthini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -17.**
- **Buza**, "Yini udlame?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi ngeke niphinde ningibone?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukusala udangele?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -18**
- **Buza,** "Yini indaba besale bedangele?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wena ungawadla yini amasi enyoni?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Yini indaba bephindela emuva namabhekede angenalutho?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi bewalengisile?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe babephatheke kanjani labo abebewatholile amasi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Bakhumbuze** amagama **'bedangele, bewalengisile.**
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo**.**

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20 umusho owodwa.**
- **Buza,** "Yini eyayenzekile ababezoyilandisa abazali?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Yini indaba zazilindele noma yini kubaba wazo?"

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Wena wawuyokwenzenjani uma wawuyilezi zingane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukubalisa?"
- **Bakhumbuze** igama **'yabalisa'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Yini ephelayo? Zibongani izingane?"

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa.**
- **Buza,** "Sifundo sini uNono asifundisa izingane ngalenganekwane?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'dl'. Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

Udlame > u/dl/a/m/e/
Isidleke > i/s/i/dl/e/k/e/

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
dlala	dl/a/l/a/
ngikudle	
izidladla	
dlula	
isidleke	
udlame	
dlisa	
badla	
dlulisa	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" UNono, uKuku, noBathathe, nezingane
- **Buza, "U**bani ozoba indoda nenkosikazi yakhe nabantu nabangani bezingane?
- Buza, "Ubani ozoba inyoni yamasi?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.
Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Phendula lemibuzo elandelayo

Imibuzo	Izimpendulo- Kokolozela impendulo efanele
Ubani umlingiswa osemqoka?	UKuku/ uBathathe/ UNono/ inyoni yamasi
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Akufanele ukhiphe izindaba zasekhaya./ Kubi ukwedelela
Indoda yayibamba kanjani inyoni yamasi?	Yayihhuka ngesihibe./ Yagibela esihlahleni.
Yahamba kanjani inyoni.	Yaphuma ngefasitela./ Yacela ingane iyibeke esihlahleni.
Sithini isiphetho sendaba?	Inyoni yavalelisa yahamba/Abantu basala bengawatholanga amasi.
Sithini sihloko sendaba?	UNono epulazini/ INyoni yamasi/ UNono umdansi.

Isihloko sencwadi ‘UBuhlaluse benkosi’ Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.

UBuhlaluse benkosi

Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
ekhaliphile	uNono
wayenomusa	uKuku
kwesukasukela	uBathathe
bamdudula	
ahlabelela	
icebo	
igidigidi	
ubadukele	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, “Kwenzakalani la? Obani laba? Bagqokeleni kanje?
- **Yethula** isihloko sencwadi: **‘UBuhlaluse benkosi?’**
- **Babonise** isihloko sencwadi.

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, “**Le incwadi yesi-5 esezingeni lesi-3. Ikhona enye e-1 esizoyifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, “**Kwenzakalani la? Benzani abangani nezingane zabo?”
- **Babonise** amagama, **‘kwesukasukela, emandulo’ chaza kusho** ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, “Kwenzakalani manje la? Awagqokile ngani amantombazane?”
- **Babonise** amagama, ‘**ekhaliphile, wayenomusa, abanomona, icebo’** chaza.
- Abaqagele ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, “**Ingabe agubha ini lamantombazane?”
- **Babonise** amagama ‘**ubumba, bamboza, bamdudula’** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, “Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** “Kwenzakalani manje? Ucabanga ukuthi ayaphi amantombazane manje futhi uphi uBuhlaluse? Ingabe obani manje laba abezayo?”
- Babonise amagama **‘igidigidi, ubadukele’** chaza kusho ukuthini**.**
- **Buza**, “Qagela ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?”
- **Yisho, “Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

uBuhlaluse> u/B/u/hl/a/l/u/s/e/ -9 imisindo
wenkosi > w/e/nk/o/s/i/-6 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo	
ekhaliphile	lw/a/ph/e/th/a/
wayenomusa	
kwesukasukela	
bamdudula	
ahlabelela	
icebo	
igidigidi	
ubadukele	

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Ubuhlaluse benkosi?**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani la? Sithe ukuphi konje uBuhlaluse?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcina khona.
- **Buza**, "Bayaphi manje futhi babuya kuphi? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani oculayo? Kukuphi la? Ekhaya noma ehlathini? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Hayi bo! Ubani lentombazane? Usho ngani? Ucabanga ukuthi kukuphi la?"
- Babonise amagama '**ogawulayo, emtatsheni uyobikela, esemayoyosana,** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sekuzokwenzekalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe uhlaleleni phansi manje? Obani laba abamsukumisayo?"
- **Babonise** igama '**ebuthakathaka, wayibika ukusuka nokuhlala, ubumba**' chaza kuyini
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Kukuphi manje la? Ingabe kwenzekani? Ucabanga ukuthi uzophila yini uBuhlaluse?"
- **Babonise** amagama '**igade, yamnakekela, ngezitho, eziphuhuzela uboya**' chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezokwenzani ekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ebuthakathaka	ukugula
wayibika ukusuka nokuhlala	Washo konke okwenzeka kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.
ubumba	Udaka lokubumba izinto.
igade	imbheke
yamnakekela	Yamnika akudingayo
Ngezitho eziphuhuzela uboya	Izitho ezinoboya obuningi

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**UBuhlaluse benkosi.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcina khona.
- **Buza,** "Konje sigcine bekuphi noBuhlaluse?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Kwenzakalani manje? Ingabe kukuphi la? Ucabanga ukuthi inkosi izothini ngalendaba kaBuhlaluse benkosi?"
- **Babonise** igama '**yakhuleka'** chaza ukwenzani.
- **Buza,** "Ingabe izojabula yini inkosi ngoBuhlaluse? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Bayaphi manje laba futhi obani? Yini le abayiphethe, bazoyenzani?"
- **Babonise** amagama **'ngobuningi, igusha, ebukhosini'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Bakuphi manje la? Ingabe bazowenzani amantombazane? Ingabe ajabulile noma athukile, usho ngani?"
- **Buza**, "Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
sikhulekile	Ukucela ukungena emzini womuntu
ebukhosini	Emzini wenkosi
ngobuningi	Bebaningi kakhulu
igusha	imvu

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UBuhlaluse benkosi'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**
- **Buza,** "Ubani uBuhlaluse? Ingabe uyisihlobo nenkosi na?"

Vula ikhasi-1

- Bafundele imisho emi-3.
- **Buza, "**Yini indaba behamba bememeza?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Bakhumbuze** igama **'emandulo'.**
- **Buza, "**Ubani oyedwa ekhaya kubo?
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe lisho ukuthini leli gama?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukuthi okhaliphile?"
- **Bakhumbuze** igama **'okhaliphile'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuba nomusa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini umona? Ucabanga ukuthi azokwenzani lamantombazane kuBuhlaluse?"
- **Bakhumbuze** igama **'abanomona'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -3**
- **Buza, "**Ukwenzani ukwakha icebo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kungani bemcela ukuthi bayokha ubumba?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ayejabuleleni amantombazane? Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Babeculiswa ukujabula wena wenzani uma ujabulile?"
- **Babonise** uphawu **'.' Ungqi** chaza lusebenza kanjani.
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Bamdudulelani manje?"
- **Bakhumbuze amagama 'bamdudula, bamboza, begigitheka'**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Ingabe babehlekani kodwa bebulala umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- Buza, "Wayenzeni uBuhlaluse benkosi ngoba exolisa nje?"
- **Bakhumbuze igama 'bemdudula'.**

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe bahlekani? Kuyahlekisa yini ukubulala umuntu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi ubadukele? Ingabe wayebadukele yini uBuhlaluse benkosi?"
- **Bakhumbuze** igama **'ubadukele'.**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ucabanga ukuthi bazomthola yini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe amtholile yini?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**
- **Buza,** "Bamthola yini uBuhlaluse?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukugawula? Qagela ukuthi ingabe izobona uBuhlaluse le ndoda?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi ubani lo oculayo? Ingabe ucula ngendaba eyenzeka kuye yini? Qagela sebezokwenzani manje ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi imisho emibili ekhasini -10**
- **Buza**, “Kungani inovalo le ndoda?”
- **Bakhumbuze** igama **‘iqhaqhazela’.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, “Ingabe lithini leli culo? Kanti kwenzekani kuBuhlaluse?”
- **Bakhumbuze** igama **‘emtatshweni’**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -11**
- **Buza,** “Yayithuswa yini le ndoda?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, “**Kusho ukuthini ukuthi esemayoyosana, ezacile?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, “**Ucabanga ukuthi uzothini uBuhlaluse kulendoda?”
- **Bakhumbuze** amagama **‘esemayoyosana, ezacile’.**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -12**
- **Buza,** “Ukubanjani ukuba buthakathaka? Sasomiswa yini isikhumba sikaBuhlaluse?”
- **Bakhumbuze** igama **‘ebuthakathaka’**
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -13**
- **Buza**, “Kusho ukuthini ukubeka indaba ukusuka nokuhlala?”
- **Bakhumbuze** igama **‘ubumba’**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza, “Ingabe babehlobene kanjani uBuhlaluse nenkosi?**
- **Abaqagele** ukuthi kuzokwenzekani ekhasini elilandelayo.

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –

- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –

- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi

- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –

- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –

- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'UBuhlaluse benkosi?'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kwenzakalani endabeni? Ingabe ubani othole uBuhlaluse?" Qagela sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -14**
- **Buza,** "Ingabe bazoluthola usizo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukwenzani ukugada?"
- **Bakhumbuze igama 'isayobikela'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -15.**
- **Buza**, "yayizothola ini lenkosikazi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kwenziwa yini ukuthi abe muhle? Qagela sekuzokwenzekani ekhasini elilandelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'eziphuphuzela uboya'**

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -16**
- **Buza**, "Ingabe iyokwenzani enkosini le ndoda?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukuthi '**sikhulekile**'
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -17.**
- **Buza**, "Ingabe iwabizelani amadoda inkosi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza**, "Lwaluthini udaba olwalulandisa amadoda?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza.** "Yini eyayenza inkosi ifune kubuyiswe uBuhlalise?"
- **Bakhumbuze** igama **'ziphuphe'.**

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -18**
- **Buza,** "Ayeyaphi amadoda? Ucabanga ukuthi ayezobuya naye yini?""
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -19**
- **Buza**, "Yayibongani inkosi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- Buza, "Kungani evalelisa amadoda?"
- **Bakhumbuze** amagama **'ebukhosini, igusha'.**
- **Abaqagele** ukuthi sekuzokwenzakalani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -20.**
- **Buza,** "Ingabe izothini inkosi?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -21**
- **Buza**, "Yayizobalandisa ini indoda? Qagela bazowenzani lamantombazane?"
- **Bakhumbuze** igama **'ithuba lokubalandisa'**

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho.**
- **Buza,** "Ingabe ayedinwe yini amadoda?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- **Buza,** "Kusho ukuthini ukululeka?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo**
- Buza, "Ukuba wawuyinkosi wawuzowenzani lamantombazane?"
- **Yisho, "**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo."

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo 'hl'.
Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

uBuhlaluse >u/B/u/hl/a/l/u/s/e/ >9 imisindo
bahleke> b/a/hl/e/k/e/ > 6 imisindo

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga	
uBuhlaluse	u/B/u/hl/a/l/u/s/e/
bahleka	
kahle	
ahlanganise	
nokuhlala	
ehlathini	
ehlabelela	

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba abalingiswa?" uKuku, noBathathe, nezingane?"
- **Buza, "U**bani ozoba omama uBahlaluse namantombazane?"
- Buza, "Ubani ozoba amanye amadoda ayeyofuna uBuhlaluse? Ubani ozoba inkosi kanye nendoda eyayiyogawula nenkosikazi eyanakekela uBuhlaluse?"
- **Buza**, "Ubani ozoxoxa indaba?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza abalingiswa."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kwezigameko.
Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana nendaba.

Umsebenzi

Imibuzo	Izimpendulo- Kokolozela impendulo efanele
Ubani umlingiswa osemqoka?	UKuku/ uBathathe/ UNono/ uBuhlaluse
Sifundo sini esisithola kulendaba?	Umona ungakubulalisa umuntu./ Kufanele sithandane
Ayembulalelani amantombazane uBuhlaluse	Ngoba ayenomona emuhle futhi ehlakaniphile/ ayengamfuni.
Uma wawuyinkosi wawungawenze njani lamantombazane?	Ngangingawabulala./ ngangingawafaka emgodini nawo.
Sithini isiphetho sendaba?	Bamthola uBuhlaluse / Inkosi yawabulala amantombazane.
Sithini sihloko sendaba?	Ubuhlaluse benkosi/ Inganekwane

Isihloko sencwadi ‘Iziphicaphicwano zikaNono’ Izinga lesi-4

Ukulungiselela izifundo:
Yiba nekhadi elinesihloko sencwadi.



Yiba nalawa makhadi amagama amasha:

Amagama amasha	Amagama asetshenziswe kaningi
Iziphicaphicwano	uNono
agiye	ngikuphicaphica
ngezihebe	
iqholoshe	
Umuphusho/ intuthu	
ngamasondosondo	
nokhololo	
isibhakabhaka	
bafulathelene	
Ngamakholwa	
babhuquze	
iyasifudumeza	
okhalweni	

Esifundweni 1

- **Xoxa** ngekhava yencwadi.
- **Buza**, "Kwenzakalani la, Obani laba? Ucabanga ukuthi bathini? Sisawakhumbula uChwane? Ingabe obani laba?"
- **Babonise** isihloko sencwadi.
- **Yethula** isihloko sencwadi: 'Iziphicaphicwano zikaNono'

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, "**Le incwadi yesi-6 esezingeni lesi-4. Zikhona ezinye zebanga lesi-2 esizozifunda uma siqeda le**.**

Vula ikhasi elilandelayo

- **Chaza, Y**abhalwa abakwa- Shuter & Shooter ngonyaka ka-2017 KwaZulu-Natal, babonise nenombolo yencwadi. ISBN

Vula ikhasi -1

- **Buza, "**Kwenzakalani la? Usayikhumbula incwadi ye-5 ukuthi sagcina uNono ubebaxoxela inganekwane? Manje kule ncwadi usenzani uNono? Konje sithi isihloko sencwadi? Kuyini isiphicaphicwano?
- **Yisho,** "Ake usho esisodwa isiphicaphicwano."
- **Babonise** amagama, 'iziphicaphicwano, ukunikezwa ithuba' **chaza** kusho ukuthini.

Vula ikhasi 2 ne-3,

- **Buza**, "Kwenzakalani manje la? Ingabe bakhuluma ukuthini? Ingabe sebesho iziphicaphicwano yini? Sithini isiphicaphicwano esikhuluma ngomshanelo nesikhuluma ngesbhakabhaka"
- **Babonise** amagama, '**ogiya, ukuhlanza, isithebe**, **nesibhakabhaka'** chaza kusho ukuthini.
- Abaqagele ukuthi sekuzoba iziphicaphicwano esikhuluma ngani ekhasini elilandelayo.

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Buza, "**Ake nibheke izithombe, isiphi isiphicaphicwano ongasisho ngomentshiso neshongololo?"
- **Babonise** amagama '**iqholoshe, umuphusho, ishongololo'** chaza ukuthi kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sebezosho iziphicaphicwano ezikhuluma ngani?"

Vula ikhasi 6 ne- 7

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithi esakho esikhuluma ngesikela negwababa?"
- Babonise amagama **'emasimini, nokhololo'** chaza kuyini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi zithini ezilandelayo iziphicaphicwano ekhasini elilandelayo?"
- **Yisho, "Sizogcina la namhlanje siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo.**

Basize bakwazi ukucozulula amagama ngokwemisindo. **Abashaye** izandla kulamagama asesihlokweni basho ukuthi mingaki imisindo esemagameni.

Iziphicaphicwano > i/z/i/ph/i/c/a/ph/i/cw/a/n/o/ -13 imisindo
zikaNono> z/i/k/a/N/o/n/o/ -8 imisindo

Cozulula amagama ngokwemisindo		Mingaki?
Iziphicaphicwano	i/z/i/ph/i/c/a/ph/i/cw/a/n/o/	13
isibhakabhaka		
emasimini		
nokhololo		
iqholoshe		
umuphusho		
ishongololo		
ogiya		
ukuhlanza		
isithebe		

Esifundweni 2

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Iziphicaphicwano zikaNono**'
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Bakhumbuze** la nigcina khona.
- **Buza**, "Konje sithe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano? Qagela sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngesibhakabhaka netafula."
- Babonise amagama **'isibhakabhaka, idlelo'** chaza kuyini.

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Buza**, "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano?"
- Babonise amagama '**ubusuku nemini, indalo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngezindlebe nangamazinyo?
- **Babonise i**gama '**befulathelene, eZiyoni'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngezinyawo nelanga?"
- **Babonise i**gama '**bebebethi, maqede'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Basize bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
ngedlelo	Indawo enkulu lapho kudla khona imfuyo
ubusuku nemini	Ngaso sonke isikhathi
indalo	Into edalwe umdali wezulu nomhlaba
befulathelene	Ukubheka le kwesokudla omunye abheke le ngakwesokunxele
eZiyoni	Igama lesonto eligqoka izingubo ezimhlophe
bebebethi	Ukwenza into ube ukhuluma
maqede	Emva kokwenzeka kwento ethile

Esifundweni 3

Qhubeka nokuxoxa ngezithombe

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba, '**Iziphicaphicwano zikaNono'.**
- **Buza,** "Sigcine kwenzekani?

Vula ikhasi 14 ne-15

- Bakhumbuze la nigcina khona.
- **Buza,** "Konje bezikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano? Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ziphicaphicwano ezisekhasini elilandelayo?""

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngamazolo neminwe?"
- **Babonise** amagama '**babhuquze, bashabalale, amazolo'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza,** "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Buza**, "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngebhanoyi namalahle?"
- **Babonise** amagama **'elayishe, mnyama thu, bovu tebhu'** chaza kusho ukuthini.
- **Buza**, "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Buza,** "Ingabe zikhuluma ngani lezi ziphicaphicwano uma ubheka izithombe? Sithini esakho esikhuluma ngembawula nomunyovu?"
- **Buza**, "Qagela ukuthi sezizokhuluma ngani lezi ezisekhasini elilandelayo?"
- **Yisho,** "Siyoqhubeka ngesikhathi esilandelayo sibone ukuthi indaba yaphela kanjani."
- **Basize** bakwazi ukwakha ulwazimagama.

Umsebenzi

Bhala ulwazimagama nencazelo efanele kusichazamazwi	
babhuquze	Ukuziginqa phansi othulini
bashabalale	baphele
amazolo	Amanzi aba setshanini ekuseni
elayishe	egibeze
mnyama thu	Mnyama kakhulu
bovu tebhu	Bomvu kakhule

Esifundweni sesi-4

- **Sekufundwa incwadi namuhla.**
- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Iziphicaphicwano zikaNono'.**
- **Bafundele isihloko sencwadi.**

Vula ikhasi-1

- **Bafundele**
- **Buza, "**Yini iziphicaphicwano? Zisebenza kanjani? Wake wadlala iziphicaphicwano?"
- **Bakhumbuze** igama 'iziphicaphicwano'**.**
- **Buza, "**Ingabe zizokhuluma ngani lezi ziphicaphicwano?"

Vula ikhasi 2 ne-3

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -2**
- **Buza, "**Ukwenzani ukugiya?"
- **Bakhumbuze i**gama **'agiye'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini leyo yokuhlanza ikhaya? Imophu noma umushanelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ugiya kanjani umushanelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -3**
- **Buza, "**Yini ephezulu le kude? Yini ephansi esime kuyo?"
- **Bakhumbuze** amagama **'ngezithebe'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe yini le ephezulu kakhulu nale esiyinyathelayo?"
- **Bakhumbuze** igama **'esiyinyathelayo'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Yini umhlaba futhi yini isibhakabhaka?"
- **Buza**, "Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 4 ne-5

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -4.**
- **Buza, "**Ingabe yini umuphusho?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe ikhandlela noma umentshisi?"
- **Babonise** igama **'umuphusho'**.
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kusho ukuthini ukukhipha umuphusho bese ifa?"
- **Akufunde omunye umfundi ekhasini 5.**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukuthi esisho ngamasondosondo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe isiphi leso silwane?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Zingaki izinyawo zeshongololo? Kungani bathi isitimela esimasondosondo? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 6 ne-7

- **Akufunde omunye umfundi ekhasini -6.**
- **Buza, "**Ingabe yini leyo egobile elumayo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Yini esisika ngayo emasimini?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kungani kuthiwa liyaluma isikela?"
- **Bakhumbuze** igama **'emasimini'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini 7.**
- **Buza**, "Ingabe yini ke leyo embethe ezimnyama nokhololo omhlophe?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Enjani ke inyoni embethe ukhololo?"
- **Bakhumbuze** igama **'ukhololo'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza, "**Kungani kuthiwa igwababa linokhololo omhlophe? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 8 ne-9

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -8**

- **Buza,** "Yini idlelo eliluhlaza?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini leyo ephezulu esingakwazi ukuyithinta?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini bebiza isibhakabhaka ngedlelo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -9**
- **Buza**, "Yini ke leyo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ucabanga ukuthi iyiphi leyo fenisha?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe linayo yini imilenze emine itafula? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 10 ne-11

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -10**
- **Buza**, "Ingabe abantu abanjani -ke labo?"
- **Bakhumbuze** isisho **'ubusuku nemini'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini indalo?"
- **Bakhumbuze** igama **'indalo'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -11**
- **Buza,** "Kuyini leyo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe imvula noma ukuduma?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ukuduma kwezulu kuwukhipha kanjani umlilo? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -12**
- **Buza**, "Kusho ukuthini ukufulathelana?"
- **Bakhumbuze** igama **'ukufulathelana'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yiziphi lezo zitho ezifulathelene?"
- **Bakhumbuze** igama **'izitho'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -13**
- **Buza,** "Yini amakholwa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe iziphi lezo zitho zomzimba?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe unjani umbala wamazinyo? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Basize ubachazele isu leminwe emihlanu elizobasiza bakwazi ukufunda amagama abehlulayo ngokushesha bangangingizi.



Isithupha –
- Shiya igama ongalazi bese ufunda umusho wonke.



Umunwe wokukhomba –
- Buka isithombe kanye nesihloko.



Umunwe ophakathi
- Zibuze ikhona ingxenye yegama ongakwazi ukuyifunda.



Umunwe wendandatho –
- Phimisa igama ngokwemisindo.



Ucikicane –
- Buza uthisha wakho ukuthi igama lisho ukuthini.

Esifundweni sesi-5

- **Bakhumbuze** isihloko sendaba **'Iziphicaphicwano zikaNono'**

Vula ikhasi 12 ne-13

- **Buza, "**Konje sigcine kuthiwani ngesiphicaphicwano samazinyo? Qagela sekuzoba isiphicaphicwano sani ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 14 ne-15

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -14**
- **Buza**, "Ingabe yini abantu abathi behamba bebebethi yimi phambili?"
- **Bakhumbuze** igama **'bebebethi'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yiziphi lezo zitho zomzimba?"
- **Bakhumbuze** igama **'izitho'**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Zisho kanjani izinyawo ukuthi "Yimi phambili"?
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -15**
- **Buza,** "Yini amakholwa?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yini le nkosi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe yini eshisa kakhulu okudlula umlilo?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Hawu! Ubuwazi ukuthi ilanga lishisa okudlula umlilo? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 16 ne-17

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -16**
- **Buza**, "Ingabe yini abantu abalele emibhedeni eluhlaza?"
- **Bakhumbuze** amagama **'babhuquze, amazolo'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Ingabe yini leyo enjengamanzi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe abhuquza kanjani amazolo phansi?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -17**
- **Buza,** "Ingabe uyabazi laba bafana abangahlukani?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Yini engaba abafana abahlanu emzimbeni yethu?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wake wakucabanga ukuthi iminwe ayihlukani? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo

Vula ikhasi 18 ne-19

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -18**
- **Buza**, "Ingabe yini leyo nyoni elayishile esiswini?"
- **Bakhumbuze** igama **'elayishile'.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, "Yini leyo esihamba ngayo emoyeni njengenyoni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Wake wacabanga ukubiza ibhanoyi ngenyoni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -19**
- **Buza,** "Yini laba bafana uma ucabanga?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Ingabe umlilo noma izinkuni?"
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** "Kunini lapho amalahle aba bomvu tebhu? Qagela sekuzoba iziphi iziphicaphicwano ekhasini elilandelayo?"

Vula ikhasi 20 ne-21

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa**

ekhasini -20

- **Buza**, “Ingabe yini ewugogo onezilonda emzimbeni wonke?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, “Konje yini esifudumezayo?”
- **Bakhumbuze** igama **‘iyasifudumeza’.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Yini le eyizilonda kulembawula”?
- **Bakhumbuze** igama **‘imbawula’**
- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa ekhasini -21**
- **Buza,** “Yini ezibophe ngebhande okhalweni?”
- **Bakhumbuze** igama **‘okhalweni’.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Ingabe yini isilwane esizibophe okhalweni?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Ingabe yini eshisa kakhulu okudlula umlilo?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Hawu! Ubuwazi ukuthi umakoti uyazibopha okhalweni? Qagela sekuzolandela iziphicaphicwano ezithini ekhasini elilandelayo. Qagela indaba izophela kanjani?”

Vula ikhasi 22

- **Akufunde omunye umfundi umusho owodwa**
- **Buza**, “Yini insizwa?”
- **Bakhumbuze** amagama **‘insizwa, imishiza, nobhoko’.**
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza**, “Yini esibona kuyo isikhathi?”
- **Akufunde omunye umfundi umusho olandelayo.**
- **Buza,** “Yini izinti zewashi? Ingabe uzijabulele lezi ziphicaphicwano?”
- Bakhumbuze amagama ‘imishiza, nobhoko’
- Yisho**, “**Siyoqhubeka sidlale umdlalo ngendaba esikhathini esilandelayo.”

Basize ukukwazi ukuzwa nokubona amalunga emagameni anomsindo ‘qh’.

Mabashaye izandla emisindweni yamagama.

qhamuka>qh/a/m/u/k/a/ >6 imisindo
iqholo> i/qh/o/l/o/ >5 imisindo

Umsebenzi

Hlukanisa ngombala obomvu amagama ngokwamalunga		Mingaki?
qhamuka	qh/a/m/u/k/a/	6
kuqhamuka		
qhola		
qhuba		
qhela		
iqhikiza		
iqhiya		

Esifundweni 7

Bakhumbuze isihloko sendaba kanye nokulandelana kwezigameko

- **Yisho,** "Namuhla kudlalwa umdlalo ngendaba."
- **Buza**, "Obani abazoba uNono, uKuku, noBathathe, nezingane?"
- **Buza, "O**bani abazoba yizo zonke lezi zinto okuphicaphicwana ngazo?"
- **Buza**, "Ubani ozosiza ukuqhuba umdlalo?"
- **Yisho,** "Abanye bazosiza ngezimpendulo ezifanele uma engasakhumbuli umuntu okumele aphendule."

Awuqaleke umdlalo. Basize uma bengasakhumbuli ukulandelana kweziphicaphicwano.

Basize bakwazi ukuphendula imibuzo mayelana neziphicaphicwano.

Umsebenzi

Qondanisa isiphicaphicwano nesithombe esifanele impendulo.

isithombe	isiphicaphicwano
	Ngikuphica ngomama ogiya agiye ajike emnyango.
	Ngikuphica ngesitimela sehlathi esisho ngamasondosondo.
	Ngikuphica ngogogo ogobile kodwa uyaluma.
	Ngikuphica ngomuntu wami onemilenze emine kodwa akakwazi ukuhamba.
	Ngikuphica ngenkosi yami eqhamuka maqede kusuke konke
	Ngikuphica ngabafana bakithi abayisihlanu, laba bafana abahlukani